KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# KUBANJWE UMBUTHANO NGESIFO SAMATELE

https://www.pressreader.com/southafrica/ilanga/20250721/281483577419627?srsltid=AfmBOor-TljPrOorzIqrAWujT_i0NLp-pG1NJztmm0AxpJwMPInVKTix



IZIKHULU zoMnyango wezoLimo kuZwelonke, eze-Agricultural Research Council, neze-Onderste-poort Biological Products, zizohlangana e-Rooder-plaat, eGauteng, kudingidwa ngamasu okunganda ukubhebhetheka kwesifo samatele. Lo mbuthano ugala namhlanje ngoMsombuluko.

Izifundazwe ezihlaselwe yilesi sifo, yiKwaZulu-Natal, yiGauteng, yiMpumalanga, kanti kamuva nje sesitholakele eFree State.

Ochwepheshe base-University of Pretoria, bamenyiwe, kanti kutholakale ukuthi lesi sifo. sidlange kakhulu ezindaweni eziseduze neziqiwu njengoba izinyathi, yizona ezivama ukuba nalesi sifo, bese sitheleleka nesemfuyweni UNggonggoshe. wezoLimo kuZwelonke, uMnu John Steenhuizen, nePhini lakhe uNkk Nokuzola Capa, yibona ababize lo mbuthano. EGauteng, endaweni yaseHelldelberg, kupho-geleke ukuba kubulawe izinkomo okutholakale ukuthi zinaso lesi sifo samatele. USteenhuizen, uthe banethemba lokuthi lo mbuthano uzoqhamu-ka nezindlela zokunqanda ukubhebhetheka kwalesi sifo.

"Mkhulu umonakalo odalwe yisifo samatele, emnothweni wezwe. Amazwe angaphandle, kawa-sayithengi inyama yalapha eNingizimu Afrika, njengoba bathole imibiko yokuthi imfuyo yakuleli zwe, inesifo samatele.

Sinxusa abantu ukuba bake bame ukuthuthela imfuyo kwezinye izifundazwe. "Sikhuthaza abafuyi ukuthi bazigome izinkomo zabo, ngoba iminyango yezolimo ezifundazweni, nakuzwelonke, inalo uhlelo lokugoma izinkomo.

Sikhuthaza nabafuyi ukuba bahambise imfuyo yabo kumadiphu akhona ezindaweni zamakhosi," kusho uSteenhuizen. Okhulumela uMnyango wezoLimo kuZwelonke, uNkz Joylene van Wyk, uthi kunezindawo abazi-hlonzile, ezaziwa ngokuthi ngamaDisease

Management Areas

Uthe KwaZulu-Natal, isifo sagala ukuhlonzwa ngenyanga kaMfumfu (October) wango-2022, salokhu sisabalala kancane kancane. Izifunda okutholakale kuzo lesi sifo KwaZulu-Natal, kuseMajuba, uMzinyathi, uMkhanyakude, iZululand, neKing Cetshwayo.